Isifundo 9

** 20–26 Nhlolanja*

Ukukhonza Nokusindisa



NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki funda ku:
Isaya 41, Isaya 41:1-7, Isaya 44:26-45:6, Isaya 49:1-12.

Indimana Yekhanda:
“Bheka inceku yami engiyisekelayo, okhethiweyo waMi othokoza ngaye umphefumulo waMi; nginikele uMoya waMi phezu kwakhe, uyakukhiphela izizwe ukwahlulela” *(Isaya 42:1, NKJV)*.

Abaningi bathatha ngokuthi kungaba yilungelo elikhulu ukuvakashela izindawo zempilo kaKrestu esesemhlabeni, ukuhamba lapho anyathela khona, ukubona ichibi lapho ayethanda ukufundisela khona, amagquma nezigodi lapho amehlo aKhe ayephumula khona. kodwa asidingi ukuya eNazaretha, eKharpenawume, noma eBethani ukuze sihambe ezinyathelweni zikaJesu. Sizothola imikhondo yezinyawo zaKhe eceleni kombhede womuntu ogulayo, emijondolo laphokuhlushekwa khona, emihubheni ecinene yasemadolobheni amakhulu, nasezindaweni zonke lapho kukhona izinhliziyo ezeswele ukududuzwa. Ngokwenza njengoba uJesu wenza esesemhlabeni, siyobe sihamba ezinyathelweni zaKhe.”—Ellen G. White, *The Desire of Ages*, p. 640.

UIsaya wakhuluma ngenceku kaNkulunkulu eyayinomsebenzi ofanayo wesihawu, wathi: “umhlanga ofecekileyo akayikuwaphula, umongo othunqayo akayikuwucima; ...akhiphe iziboshwa etilongweni nabahlezi ebumnyameni etilongweni” (Isaya 42:3, 7, NRSV). Ake sibuke leNceku. Ingubani, futhi yenzani?

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha likaNhlolanja 27.*

Isizwe Sezinceku (Isaya 41)

Ku-Isaya 41:8 uNkulunkulu ukhuluma ngoIsrayeli, inceku yami," (NRSV) kanti ku 42:1 wethula "inceku yami." Ubani lenceku?

Ngabe uIsrayeli/uJakobe, ukhokho wamaIsrayeli? Isizwe sakwaIsrayeli? UMesiya/uKrestu, owaziwa eTestamenteni eliSha ngokuthi uJesu? Kukhona izindawo ezimbili ezikhuluma ngenceku kaNkulunkulu kuIsaya 41-53. Enye inceku kuthiwa u"Israyeli" noma u"Jakobe," njengaku-Isaya 41:8; Isaya 44:1, 2, 21; Isaya 45:4; Isaya 48:20. Njengoba uNkulunkulu ebiza uIsrayeli/Jakobe ngesikhathi samanje, kusobala ukuthi uJakobe umele isizwe esiyisizukulwane sakhe. Lokhu kuqiniswa ukuthi usindiso lwenceku kaNkulunkulu uJakobe lugcwaliseka ngesikhathi esephuma eBhabhiloni (Isaya 48:20). Kwezinye izindawo, njengoIsaya 42:1, Isaya 50:10, Isaya 52:13, Isaya 53:11, inceku kaNkulunkulu ayibiziwe ngegama. Uma kuqala ukukhulunywa ngayo kuIsaya 42:1, ubuyena abuveli obala. Kodwa, njengoba uIsaya eqhubeka nokuyichaza ezindimaneni ezilandelayo, kuba sobala ukuthi umuntu obuyisela izizwe zikaJakobe (Israyeli) kuNkulunkulu (Isaya 49:5, 6) yaze yafa ngokuzidela, ifela izoni (Isaya 52:13-53:12; bheka no Isaya 49:5, 6). Ngakhoke ngeke kube umuntu oyedwa nesizwe. Kanjalo-ke, kusobala ukuthi uIsaya ukhuluma ngezinceku ezimbili zikaNkulunkulu. Eyodwa imele isizwe, kanti enye umuntu oyedwa.

Iyini indima yesizwe sezinceku? Isaya 41:8-20.

UNkulunkulu uqinisekisa uIsrayeli ukuthi lesizwe siseyinceku kaNkulunkulu, uthi: "Wena uyinceku yaMi ngikukhethile, angikulahlanga" (Isaya 41:9). UNkulunkulu bese unika uIsrayeli esinye sezithembiso ezibalulekile eBhayibhelini athi: "Ungesabi ngokuba mina nginawe, ungapheli amandla, ngokuba mina nginguNkulunkulu wakho; ngiyakuqinisa, futhi ngiyakusiza, yebo ngiyakusekela ngesandla sokunene sokulunga kwami" (Isaya 41:10). Lapha, nasezindimaneni ezilandelayo enye yezindima zikaIsrayeli ukwethemba uNkulunkulu weqiniso ukuthi uzobasindisa (njengoba inkosi uAhazi engazange) kunokuba bethembe abanye onkulunkulu nemifanekiso yabo njengoba kwenza ezinye izizwe (Isaya 41:7, 21-24, 28, 29).

Qaphela ukuthi kuIsaya 41:14 uNkulunkulu ubiza isizwe ngokuthi impethu. Wayeqonde ukuthini? Funda sonke isicaphuno ukuze uthole impendulo engcono. Lokhu kufanele kusifundiseni ngesidingo sethu sokwencika ngokuphelele kuNkulunkulu?

Inceku Eyodwa Engabiziwe Ngegama
(Isaya 42:1-7)

Iyini indima nobunjalo benceku kaNkulunkulu engabiziwe ngegama, ekhethwa nguNkulunkulu, afake noMoya waKhe kuyo? Isaya 42:1-7.

Khetha impendulo engcono kunezinye, noma inhlanganisela yezimpendulo:
1. Unika izizwe ubulungiswa.
2. Ufeza imigomo yakhe ngendlela ethule nangobumnene, kodwa ngempumelelo.
3. Ungumuntu ofundisayo.
4. Usebenza njengesivumelwano phakathi kukaNkulunkulu nabantu.
5. Unika ukukhanya/ithemba ngokwelapha ubumpumputhe, akhulule iziboshwa.
6. Konke lokhu okungenhla.

Indima nobunjalo balenceku ifana kanjani nalokho "kwehlumela lesiqu sikaJese," nalapho kuhlezi khona uMoya kaNkulunkulu (Isaya 11)?

Njengaku Isaya 42, lombusi wozalo lukaDavide oku Isaya 11 usebenza ngokohlelo lukaNkulunkulu, eletha ubulungiswa nokukhululwa kwabacindezelwe, futhi engukuhlakanipha nolwazi lukaNkulunkulu. Sithole ukuthi leli "hlumela" "nempande" kaJese uMesiya, umntwana ongcwele kaIsaya 9:6, 7, "olethela isihlalo sikaDavide nombuso wakhe ukuthula okuhambisana nokulunga" (Isaya 9:7, NRSV). Inceku ekuIsaya 42, ngokusobala, uMesiya.

ITestamente eliSha liyiveza kanjani inceku kaIsaya 42:1-7, eletha ubulungiswa? Mathewu 12:15-21.

UMathewu 12 ucaphuna kuIsaya 42 asebenzise lokho enkonzweni ethule neyokuphilisa kaJesu, iNdodana ethandiweyo kaNkulunkulu, athokoza ngaYo (Isaya 42:1; Math. 3:16, 17; Math. 17:5). UYena Lowo omsebenzi waKhe uvuselela ukuxhumana ngokwesivumelwano nabantu baKhe (Isaya 42:6, Dan. 9:27). UJesu nabafundi baKhe balethela abantu ubulungiswa ngokubakhulula ekuhluphekeni, nokungaqondi ngoNkulunkulu, ukugqilazwa omoya ababi ababangelwa ingcindezi kaSathane (Luka 10:19). UJesu wase uyafa ukuze aqinise "isivumelwano esisha" (Math. 26:28, NKJV) nokulethela umhlaba ubulungiswa ngokuxosha uSathane, owafohla, waze waqhwaga isikhundla sokuba "umbusi walomhlaba" (Johane 12:31-33, NRSV).

“UMesiya” wasePeresiya (Isaya 44:26-45:6)

Yisiphi isiprofetho esethusayo esibonakala kuIsaya 44:26-45:6?

Ukusebenza kukaIsaya kusukela ngo 745 B.C. kuye ku 685 B.C. Esekhulume ngomnqobi owayezovela empumalanga nasenyakatho (Isaya 41:2, 3, 25), esho nokuthi lokho kwakuzokusho izindaba ezimnandi ngeJerusalema (Isaya 41:27), uIsaya waprofetha kahle ngoKoresi, wambiza ngegama, wachaza nalokho ayezokwenza. Nangempela wayevela enyakatho nasempumalanga yeBhabhiloni, walinqoba ngo 539 B.C.; wakhonza uNkulunkulu ngokukhulula amaJuda ekuthunjweni yiBhabhiloni; wayala nokuthi kuvuselelwe isakhiwo sethempeli eJerusalema (bheka uEzra 1). Matanisa lesiprofetho nesimo. Njengoba kuneminyaka engu 146 selokhu kwafa uIsaya kuye ekuweni kweBhabhiloni, isiprofetho sakhe sasingaphambili ngeminyaka engu 150 ngaphambi kokugcwaliseka kwaso. Lokho kungafaniswa noGeorge Washington esho ngaphambili ukuthi umuntu okuthiwa uDwight Eisenhower uyokwelekelela ekukhululeni iYurophu ngo 1945! Ngenxa yokuthi izenzo zikaKoresi zifakazelwa imithombo eminingi yasendulo umbiko wakhe uqobo obhalwe kwi”Cyrus Cylinder,” neBhayibheli (2 Izikronike 36:22, 23; Ezra 1; Daniyeli 5; Daniyeli 6:28; Daniyeli 10:1), ubuqiniso besiprofetho sikaIsaya asinakuphikiswa. Lokhu kuqinisa ukukholwa kwabantu abathi abaprofethi beqiniso bathola iziprofetho ezishaya khona zivela kuNkulunkulu, owazi ikusasa kuse kude.

Kungani uNkulunkulu ebiza uKoresi “ngogcotshiweyo waKhe” (Isaya 45:1)?

Igama lesiHeberu elithi “ogcotshiweyo” lapha, igama esithola kulona igama elithi Mesiya. Kwenye indawo eTestamenteni eliDala, leligama lingasho umpristi omkhulu ogcotshiwe (Levitikusi 4:3, 5, 16; Levitikusi 6:22), inkosi yakwaIsrayeli egcotshiwe, (1 Samuweli 16:6; 1 Samuweli 24:6, 10; 2 Samuweli 22:51), noma uMesiya, inkosi nomkhululi yesikhathi esizayo yesizwe sikaDavide (iHubo 2:2; Daniyeli 9:25, 26). Ngokwesikhathi sikaIsaya, uKoresi wayeyinkosi yesikhathi esizayo, ezothunyelwa uNkulunkulu ukukhulula abantu baKhe. Kodwa wayengumesiya ongavamile, ngoba wayengesiye umIsrayeli. Wayezokwenza ezinye zezinto ezazizokwenziwa uMesiya, njengokunqoba izitha zikaNkulunkulu, akhulule abantu baKhe abathunjiwe, kodwa wayengeke abe uMesiya, ngoba wayengaphumi ozalweni lukaDavide.

Ngokuprofetha ngoKoresi, uNkulunkulu watshengisa ubuNkulunkulu baKhe obehlukile ngokutshengisa ukuthi uYena yedwa owazi ikusasa (Isaya 41:4, 21-23, 26-28; Isaya 44:26). Wabuye wakhuluma noKoresi, ethi: “ Ngiyakukunika ingcebo yobumnyama, nemfuyo ethukusiweyo ezindaweni ezisithekileyo, ukuba wazi ukuthi nginguJehova okubiza ngegama lakho, uNkulunkulu ka-Israyeli” (Isaya 45:3, NRSV).

Ithemba Ngaphambi Kwesikhathi

Ukuthi uIsaya waprofetha kahle uKoresi ngegama, kuyabahlupha abantu abangakholwa ukuthi abaprofethi bamukela okungakenzeki kuNkulunkulu. Ukuze baphile nalokho, bathi omunye umprofethi, u"Isaya wesibili," owayephila ngesikhathi sikaKoresi, wabhala uIsaya 40-66. Kanjalo-ke incwadi kaIsaya "isahwe kabili," okuyinto okuthiwa yehlela lomprofethi (bheka amaHeberu 11:37). Kodwa-ke, akukho ubufakazi basemlandweni bokuthi kwake kwaba khona u "Isaya" wesibili. Uma wayekhona, bekungaba yindida ukuthi iBhayibheli alisho lutho ngaye, ngoba isigijimi sakhe sibaluleke kakhulu, kanti nendlela yakhe yokubhala isezingeni eliphezulu. Ngisho nomthombo weBhayibheli omdala kunayo yonke, owatholwa eKhumran, awutshengisi ukunqamuka phakathi kukaIsaya 39 no 40 okungatshengisa ukuqala komunye umbhali.

Isigijimi sikaIsaya sinomlayezo ofanayo kuyo yonke incwadi yakhe, othi: Themba uNkulunkulu weqiniso, noMkhululi onguMesiya kunokwethemba abanye. Abacwaningi bagcizelela ngakhona, ukususa amehlo esikhathini seAsiriya kuIsaya 1-39, kuye esikhathini seBhabhiloni ezahlukweni 40 nezilandelayo. Kodwa sithole ukuthi uIsaya 13-14 no 39 vele sebekhuluma ngokuthunjwa kwaseBhabhiloni. Kuyiqiniso uIsaya 1-39 ugcizelela ukwahlulela kanti uIsaya 40-66 ugcizelela ukududuzwa. Kodwa ezahlukweni ezingaphambili, iningi nakhona induduzo nokuqinisekiswa okuvela ezulwini, nezahluko zakamuva ezinjengo-Isaya 42:18-25, Isaya 43:22-28, noIsaya 48:1-11, ukhuluma ngezahlulelo zikaNkulunkulu kuJuda ngenxa yokumlahla kwabo. Empeleni, iziprofetho zikaIsaya ngenduduzo yesikhathi esizayo zithi okwamanje, kusazoke kuqhubeke ukuhlupheka.

Nakuba isizwe-nje sabhekana nosizi olukhulu ngenxa yezono zabantu, abanye phakathi kwabo abalilahlanga ithemba. Babambelela kuzo izethembiso zikaNkulunkulu, njengezitholakala kuLevitikusi 26:40-45. Funda lezindimana ngokucophelela. Zibeke wena endaweni yalawo maHeberu ayephila ngemuva kokunqontshwa kwesizwe yiBhabhiloni. Wawungathola liphi ithemba kulamazwi?

_____

_____

_____

Mthetho muni wokukholwa owubona usebenza kulezo ndimana zikaLevitikusi? Uthini kuIsrayeli uNkulunkulu lapho? Usebenza kanjani ezimpilweni zethu wona lowo mthetho?

Inceku Enozwelo Nehluphekayo (Isaya 49:1-12)

Ubani inceku kaNkulunkulu kuIsaya 49:1-12?

UNkulunkulu umbiza ngegama engakazalwa, wenza umlomo wakhe ube njengenkemba, futhi uyodunyiswa kuye. UNkulunkulu usebenzisa inceku ukubuyisela isizwe sikaIsrayeli kuYena, sibe ukukhanya kwensindiso emhlabeni wonke, sibe isivumelwano, nokukhulula iziboshwa. Kukhona okuningi okufanayo phakathi kwalokhu kuchazwa nalokho kukaIsaya 42, lapho sithole khona ukuthi inceku uMesiya. ITestamente eliSha lithola izimpawu zenceku kuJesu Krestu, kukho kokubili ukufika kwaKhe: Mathewu 1:21, Johane 8:12, Johane 9:5, Johane 17:1-5, Isambulo 1:16, Isambulo 2:16, Isambulo 19:15.

Uma lenceku kunguMesiya, kungani uNkulunkulu embiza ngo"Israyeli" lapha (Isaya 49:3)?

Ngaphambidlana, sithole ukuthi kulesigaba sikaIsaya, inceku kaNkulunkulu u"Israyeli/ Jakobe" isizwe. Kodwa lapha igama elithi "Israyeli" (elingakhombi lutho ku"Jakobe") ngokusobala liqondise encekwini eyodwa, ebuyisela isizwe kuNkulunkulu (Isaya 49:5). Inceku eyodwa ingumfuziselo ofanelekile wesizwe okuthi ngokwesilela kwaso sathunaza ukusetshenziwa kwegama lika "Israyeli" (Isaya 48:1).

Yikuphi okunye okusha okuvelayo lapha? Isaya 49:4, 7.

'I Nakhu ukubonakala kokuqala kobulukhuni bomsebenzi wenceku. Iyazikhalela ithi: "Ngikhandlekele ize, amandla ami ngiwachithele okuyize nokungelutho" (Isaya 49:4, NRSV). Lomqondo siwuthola nakuDaniyeli 9:26, lapho kuthiwa: "Ogcotshiweyo uyakunqunywa angabi nalutho" (NRSV). Kodwa ubambelela ekukholweni, athi: "Nokho ilungelo lami likuJehova, nomvuzo wami ukuNkulunkulu wami" (Isaya 49:4). U-J. Alec Motyer uphawula athi: "Kanjalo uIsaya wabona ngaphambili, inceku enesiqu somuntu wangempela, eyalingwa njengathi, yazibonakalisa ukuthi ingumqalisi nomphelelisi wendlela yokukholwa, ukukholwa kweqiniso okusenakho ukuthi: Nkulunkulu wami ngesikhathi konke okunye kubukeka kuyize."—*The Prophecy of Isaiah: An Introduction and Commentary* (Downers Grove, Illinois: Intervarsity Press, 1993), p. 387.

UIsaya 49:7 uyethusa. "Inceku iyeyiswa kakhulu, yenyanywa yizizwe, iyisigqila sababusi," kodwa uNkulunkulu uthi kuyo: "Amakhosi ayakubona, asukume, izikhulu zibone zikhothame ngenxa kaJehova othembekile, oNgcwele ka-Israyeli okukhethileyo."

Ukujula Nesifundo:

Funda ukuchaza kuka Ellen G. White ukuphilisa nokufundisa kukaJesu, isihloko esithi "At Capernaum," *The Desire of Ages,* pp. 252-261. "Emsebenzini wokuzuza imiphefumulo, kudingeka ubuhlakani obukhulu nomqondo. UMsindisi akazange anyathele ngezinyawo iqiniso, kodwa njalo-nje wayelikhuluma ngothando. Ekuxhumaneni kwaKhe nabanye abantu, wayesebenzisa ubuhlakani obukhulu, futhi wayenomusa njalo, ecabangisisa. Akazange abe luhlaza, akakhulumanga lizwi elihlabayo kungadingekile, akazange ezwise umuntu ozwelayo ubuhlungu ngaphandle kwesidingo. Akazange abugxeke ubuthakathaka babantu. Wakhuza ngesibindi ukuzenzisa, ukungakholwa, ububi, kodwa izinyembezi zazisephinjeni laKhe ngesikhathi ethetha. Akazange alikhulume ngesihluku iqiniso, kodwa wabonakalisa ubumnene obujulile ebantwini. Ilowo nalowo mphefumulo wawuligugu kuYe. Wayeziphethe ngendlela enesithunzi; kodwa wayenesihe esikhulu nenhlonipho kuwo wonke amalunga omndeni kaNkulunkulu. Kubo bonke abantu, wabona imiphefumulo okungumsebenzi waKhe ukuyisindisa."—Ellen G. White, *Gospel Workers,* p. 117.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Njengeklasi, fundani lokhu okubhalwe ngu Ellen G. White ngenhla, ngokuthi uKrestu wayebakhonza kanjani abanye abantu. Xoxani ngezimiso ezilapho, bese njengeklasi nixoxa ngokuthi ibandla lenu lizibonakalisa kahle kanjani lezo zimiso.

2. Uyawazi "umhlanga ofecekileyo" noma "umongo othunqayo" (Isaya 42:3)? Ungamsiza kanjani lowo muntu "ungamephulanga" noma "ungamcimanga"? Yiziphi izindlela ongakhomba ngazo labantu kuNkulunkulu? Ngendlela ebambekayo, ungabatshela ukuthi benzeni ukuze bathole ukwelashwa nosizo?

3. Impikiswano ngababhali abehlukene bencwadi kaIsaya yaqala ngokuthi abantu abakwazi ukusho okusazokwenzeka esikhathini esizayo ngendlela uIsaya aprofetha ngayo. Yini inkinga ngempela yempikiswano enjalo, futhi kungani thina maKrestu, siyikhahlela?

Ngokufingqiwe: Ukukhululwa kudinga uMkhululi. Isizwe sikaNkulunkulu sezinceku sasizokhululwa abakhululi ababili: uKoresi, owazokhulula abathunjwa esandleni seBhabhiloni, kanye nenceku engabizwanga ngegama, ubuyona njengoMesiya bulokhu bembulwa kancane kancane. Lenceku yayizobuyisela ubulungiswa, ibuyisele abaseleyo kuNkulunkulu.